**Isitatimende sakho Semihlomulo Yelungu (i-MBS) senkathi ephela mhla zingama-30 kuJuni 2023 sesiyatholakala. Ukuze ukwazi ukufinyelela isitatimende sakho ngendlela ephephile futhi elula, ungasidawuniloda ngale ndlela:**

## I-WHATSAPP


Landela lezi zinyathelo ezingezansi:

1. Skena ikhodi ye-QR noma ulondoloze inombolo ethi 0860 933 333 njengoxhumana naye.
2. Thayipha amazwi athi "Hi" kuWhatsApp weSuperFund.
3. Khetha inketho 4 ("View employment retirement savings").
4. Khetha inketho 2 ("Retrieve Documents").
5. Khetha inketho yesi-2 ("Request Annual Member Benefit Statement").

*Siza uqaphele:* ISuperFund idinga inombolo yakho kamakhalekhukhwini ohlelweni lwethu ukuze insizakalo yeWhatsApp isebenze. Ungavuselela imininingwane yakho yokuxhumana emisha kuMqashi wakho noma ushayele Isikhungo sethu Sezinsizakalo Zamakhasimende ku-0860 20 30 40 ama-ejenti ethu eSuperFund anesipiliyoni kulokhu azokusiza.

## I-SECURE SERVICES

Landela lezi zinyathelo ezingezansi:




1. Ngena kuSecure Services. (Chofoca lapha ukuze uthole umhlahlandlela wokuthi ungabhalisela kanjani iSecure Services.)
2. Ngaphansi kwalapho kuthi "Your Websites", khetha okuthi "My Portfolio".
3. Phenya uye ezansi uze ufike lapho kuthi "Your Retirement Savings" bese uchofoza lapho kuthi "Retirement Savings Detail".
4. Ngaphansi kokuthi "Your Investments", khetha okuthi "Old Mutual SuperFund - Retirement Benefit".
5. Chofoza lapho kuthi "Documents".
6. Ngaphansi kwalapho kuthi "Documents", khetha "SuperFund Member Benefit Statement" yakamuva.

## INGABE UQHUBA KAHLE EKULONDOLOZELENI UMHLALAPHANSI WAKHO?

**Isitatimende sakho sonyaka somhlomulo welungu siyingxenye ebaluleke kakhulu yohambo lwakho olubheke kumhlalaphansi onokunethezeka. Thola ukuthi usendleleni efanele yini yokufeza izinhloso zakho zokuthatha umhlalaphansi usebenzisa izigaba zethu zamakhodi ombala we-RAG (red, amber, green) ngezansi. Kuyindlela yethu yokukhombisa isimo sakho ukuze ukwazi ukubona ukuthi usaqhuba kahle yini ngokubuka kanye nje!**



### Isebenza kanjani

**Isimo Sokuhlela Umhlalaphansi Wakho sikhonjiswa ngokwereshiyo yemali ezothatha indawo yomholo wakho, esisekelwe emholweni wakho ngokushesha ngaphambi kokuthatha umhlalaphansi. Yitemu elisetshenziswa kulo mkhakha elisho ireshiyo yomholo wakho wanyanga zonke womhlalaphansi womholo wakho wokugcina.**

**Isibonelo, uma ubuhola u-R10 000 ngenyanga futhi unereshiyo yemali ezothatha indawo yomholo wakho engu-65%, ungalindela ukuthola impesheni ka-R6 500 ngenyanga. Lokhu kuzokubeka esigabeni se-Amber.**

**Ukuze uthathe umhlalaphansi ngokunethezeka usesigabeni sikagreen, ungadinga ireshiyo yemali ezothatha indawo yomholo okungenani engu-75%.**

RED

**Ireshiyo yemali ezothatha indawo yomholo: 0% - 49%**

***Akwanele***

Usendaweni yobungozi. Makhulu amathuba okuthi ngeke ukwazi ukonga imali eyanele yokuthatha umhlalaphansi kulesi sikhwama sodwa futhi kuzodingeka ushintshe kakhulu indlela ophila ngayo lapho usuthatha umhlalaphansi.

AMBER

**Ireshiyo yemali ezothatha indawo yomholo: 50% - 74%**

***Okuyisisekelo***

Usendaweni eyisexwayiso futhi kufanele uthathe izinyathelo zokuthuthukisa isikhundla sakho. Uma ungakwenzi lokho, kunamathuba amaningi okuthi umholo wakho womhlalaphansi wanyanga zonke ungakuvumeli ukuthi uphile ngokunethezeka.

GREEN

**Ireshiyo yemali ezothatha indawo yomholo: 75% nangaphezulu**

***Ukunethezeka okuthe xaxa***

Kubukeka sengathi usendleleni eyiyona! Qhubeka nokuqapha ukulondoloza kwakho imali notshalomali lwakho ukuze uqinisekise ukuthi izidingo zakho zokuthatha umhlalaphansi kuzohlangatshezwana nazo.



Old Mutual Life Assurance Company (SA) Limited is a licensed FSP and Life Insurer.